basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

## IBANGA LE-12

## ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

## IPHEPHA LESITHATHU (P3)

## NOVEMBA 2011

**AMAMAKI: 100**

**ISIKHATHI: amahora ama-2½**

**Leli phepha linamakhasi ayisi- 8 sekuhlangene ne-Annexure A.**

## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Indaba | (50) |
| ISIQEPHU B: | Imibhalo emide edlulisa imiyalezo | (30) |
| ISIQEPHU C: | Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo | (20) |

2. Abahlolwayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A, OWODWA esiqeshini B kanye noWODWA esiqeshini C.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Abahlolwayo mabaqale umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lakho lokuphendula imibuzo, lube sekhasini lwalo lodwa. (Indaba kuphela edinga uhlaka.)

6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

   ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80
   ISIQEPHU B: Amaminithi angama-40
   ISIQEPHU C: Amaminithi angama-30

7. Ungaziguquli izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.

8. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo.

9. Abahlolwayo mabaqaphelisise upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

    ISIQEPHU A: (Izindaba)
    - Ubude bendaba

    Bhala ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

    ISIQEPHU B: (Imibhalo emide edlulisa imiyalezo)
    - Ubude bombhalo

    Bhala ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120.
    QAPHELA: Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo lwalowo mbhalo abawuphendulayo.

    ISIQEPHU C: (Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo)
    - Ubude bombhalo

    Bhala ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.
    QAPHELA*:* Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo lwalowo mbhalo abawuphendulayo.

## ISIQEPHU A: INDABA

### UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

QAPHELA: Ungakhohlwa ukwenza uhlaka.

1.1 Bhala indaba uphumele obala ukuthi uyavumelana noma uyaphikisana yini nalesi sihloko esilandelayo:

*Imfundo Iyohlala Iwukhiye Wempumelelo.* **[50]**

1.2 Onjani ngempela umama ohamba anyamalale akhohlwe ngabantwana bakhe iminyaka eminingi kangaka?

Bhala indaba ngalesi sihloko: *Kazi Umama Ukuziphi Izinkalo?* **[50]**

1.3 Ziningi izigigaba ezingezinhle esezibikwa komabonakude kanye nasemaphephandabeni ngomakhalekhukhwini abaphathwa abafundi ezikoleni. Lezi zigigaba zigcina ziphazamisa ukufunda ezikoleni.

Bhala indaba ezokhombisa ubuhle nobubi bokuphathwa komakhalekhukhwini ezikoleni. **[50]**

1.4 UHulumeni wenza ngakho konke okusemandleni akhe ukuqwashisa abantu ngezifo ezahlukahlukene kanye nemizamo yokuzivikela kulezi zifo. Impumelelo yalo mkhankaso izobonakala ngokwehla kwezinga labantu abagulayo ngenxa yalezi zifo.

Bhala indaba ekhombisa imizamo kaHulumeni, impumelelo kanye nokungaphumeleli kwakhe. Yinike isihloko indaba yakho. **[50]**

1.5 *Umsebenzi Engifisa Ukuba Ngiwufundele Emva Kokuphothula Ibanga le-12.*

Bhala indaba ngalesi sihloko esingenhla uchaze isizathu sokukhetha lokho ofuna ukuba yikho namathuba emisebenzi ongawathola ngalowo msebenzi. **[50]**

1.6 Esikhathini esingaphambili izikole zaziyindawo ehlonishwayo ngisho nangezimpelasonto noma kuvalwe izikole imbala. Eqinisweni umphakathi yiwona owawuvikela izikole zawo. Konke lokhu sekwaguquka izikole sezicekelwa phansi mihla namalanga.

Bhala indaba ubheke emuva lapho izikole zazihlonishwa futhi ziyizikhungo zomphakathi kuze kufike lapho umphakathi ungasenandaba nazo. Yinike isihloko indaba yakho. **[50]**

1.7 Ziningi izindlela abafundi abahlukumezana ngazo ezikoleni, ezigcina zinomthelela ongemuhle ekufundeni nasemiphumeleni yabo yokuphela konyaka.

Bukisisa lesi sithombe esingezansi bese ubhala indaba ezohambisana naso. Yinike isihloko esifanele indaba yakho.



www.myce101.com (Inet Computer Education 101 WebBlog )

**[50]**

1.8 Ukuthuthuka kwezobuchwepheshe nesayensi kuleli sekwenze izinto zaba lula ngendlela emangalisayo. Izinto ebezithatha isikhathi eside ukwenzeka sezenzeka ngokushesha okukhulu. Nakuba kunjalo akusoka lingenasici.

Bukisisa lesi sithombe esingezansi bese ubhala indaba ezohambisana naso. Yinike isihloko esiyifanele indaba yakho.






**[50]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 50**

## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120.

2.1 Wenza unyaka wakho wokuqala ezifundweni zobumeli eNyuvesi yakwaZulu Natali. Usuku lwanamuhla lubalulekile kuwena ngoba uphumelele ngamalengiso kuzo zonke izifundo obuzenza.

Bhalela umama wakho osebenza kude nasekhaya **incwadi** umazise ngale miphumela uphinde umkhumbuze ngesethembiso asenzayo uma uphumelela kahle ezifundweni zakho. **[30]**

2.2 Isikole saseNtuthukweni High School, sivalelisa uthishanhloko waso osethatha umhlalaphansi. Lesi sikole sidumile ngenhlonipho, ekhonjiswa ngabafundi bakhona nangendlela abawukhuthalele ngayo umsebenzi wesikole. Wena njengomholi wesigungu sabafundi uceliwe ukuba wethule inkulumo elungiselelwe, ngalolu suku.

Bhala **inkulumo elungiselelwe** eqondene nalo mcimbi. **[30]**

2.3 Umzala wakho ufike nekhompyutha athi uyithengelwe umuntu thizeni njengesipho sosuku lwakhe lokuzalwa. Umama wakhe ushaya phansi ngonyawo uthi akafuni nokuyibona le khompyutha emzini wakhe ngoba umzala wakho akaphumi neqiniso lokuthi uyithengelwe ubani.

Bhala **ingxoxo** phakathi kukamzala wakho nomama wakhe. **[30]**

2.4 Inhlangano yababhali bemibhalo yesiZulu eyaziwa ngokuthi iFunda Kahle Writers' Guild ibinomhlangano wamalungiselelo omcimbi wokubungaza ukubaluleka kolimi lwesiZulu ehholo lomphakathi iVukuzakhe.

Njengonobhala wale nhlangano, bhala **amaminithi** alo mhlangano usebenzise i-ajenda elandelayo:

- Ukuvula
- Ababekhona
- Izixoliso
- Amazwi kasihlalo
- Ukufundwa kwamaminithi omhlangano odlule
- Ezivuka emaminithini
- Ezosuku (umcimbi wokubungaza ukubaluleka kolimi lwesiZulu)
- Iziphakamiso nezinqumo
- Ezixubile
- Usuku lomhlangano olandelayo
- Ukuvala **[30]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**

## ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFUSHANE EDLULISA IMIYALEZO

## UMBUZO 3

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

3.1 Usanda kuvula indawo yokuhlala (B & B) endaweni eseduze nolwandle kanye nenxanxathela yezitolo.

Bhala **iflaya** ozoyihambisa esikhumulweni sokwamukela izivakashi ukuze ziheheke ukwenzela ukuthi indawo yakho iqale ukusebenza. Kumele ungakhohlwa ukusebenzisa ulimi namagama ahehayo. **[20]**

3.2 Udadewenu wathola umfundaze wokuyofunda phesheya kwezilwandle. Ngenxa yezinkinga zemali unishayele ucingo ebika ukuthi angeke akwazi ukuhlanganyela nomndeni wonke kulo nyaka ngesikhathi sikaKhisimusi.

Bhala **iphosikhadi** umfisele izilokotho ezinhle ngalesi sikhathi sonyaka. **[20]**

3.3 Umngani wakho ungomunye wabalandeli bebhola lezinyawo. Kunomdlalo omkhulu eBayeni Stadium phakathi kwamaqembu amabili iKaizer Chiefs ne-Mamelodi Sundowns. Umngani wakho usuka eThokoza Park uhamba ngemoto yakhe. Ukuze afinyelele eBayeni Stadium uzosebenzisa **inkombandlela** okuyiyona azoyilandela eku-Annexure A.

Bhala usebenzise izinkomba onikezwe zona kusuka ku-A kuya ku-N ukumchazela ukuthi ahambe kanjani. **[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 20**
**AMAMAKI ESEWONKE: 100**


MPUMALANGA

